# INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ WILLIES MCHUNU ENGQUNGQUTHELENI YE-SANTACO KWAZULU-NATAL NGOLWESINE MHLAKA 27 FEBRUARY 2014.

Mphathi wohlelo;
INhloko yomNyango wezokuThutha uMnuz Sbu Gumbi;
Isigungu esikhulu se-SANTACO;
Ubuholi bososeshini bemboni;
Osomabhizinisi bonke bemboni yamatekisi;
Izimenywa ezahlukene;
Bafowethu nodadewethu;
Ngiyanibingelela nonke.

Masibonge ukuphinda sithole leli thuba lokuba yingxenye yomhlangano obaluleke kakhulu, i-Annual General Meeting ye-South African National Taxi Council (SANTACO) yesifundazwe sa KwaZulu-Natal.

Lo mhlangano ufika ngesikhathi esibaluleke kakhulu kuthina njengezwe lapho sigubha khona iminyaka engu-20 yenkululeko nentando yabantu. Ngaphezulu kwalokho futhi lesi yisikhathi sokuphela kwehlandla leminyaka emihlanu yalo Hulumeni othathe izintambo ngo-2009.

Konke lokho-ke kusitshela ukuthi lesi yisikhathi esibalulekile kuthina njengoHulumeni kanye nani njengosomabhizinisi abasembonini yokuthutha umphakathi yamatekisi lapho siqalaza khona emuva sibheke ibanga esesilihambile nokuqinisekisa izinguquko nenqubekela phambili kule mboni.

Umbuzo engicabanga ukuthi kumele usifikele njengoba silapha namhlanje ngowokuthi ikhona yini into esingayibhiyozela siyihalalisele kule minyaka engu-20, kodwa ikakhulukazi kulena emihlanu nami engibe yingxenye yalo Mnyango kuyona.

Ngiyazi ukuthi bakhona abanye abazikhiphela ngaphandle kwalolu hlaka abasibeka amabala baze bafake nepolitiki ekukhulumeni kwabo ngokusebenzisana kwemboni noHulumeni.

Kodwa siyabonga lapha ukuthi kuze kube manje i-SANTACO ibisalokhu ikhombisa ukuba nombono omuhle ngale mboni futhi ihlonipha ukuthi konke okwenzekayo kumele kube ngaphansi kokulawulwa ngumthetho.

Siyazi phela ukuthi uma kunokulandela umthetho akukho lapho kuyokuba nodlame noma imibango embonini.  Lokhu kwafakazelwa nayinina kwi-Provincial Taxi Indaba ngo-2012.

Nokho, siyafisa ukugcizelela ebuholini bale mboni ukuthi buzibophezele kakhulu manje kunakuqala ukuletha ukuthula kulezi zindawo ezisasilele emuva ngemibango njengako-Mandeni.

Bafowethu nodadewethu, okunye engifisa ukukugcizelela lapha ngukuthi ayikho into engihlabe umxhwele ekusebenzeni kwami nani kule minyaka emihlanu njengokubona iqhaza enilibambile ekulweni nezingozi zomgwaqo esifundazweni sethu.

Ngithi mangibubonge ubuholi be-SANTACO obaphambilini nobukhona manje. Siwubonile umfutho eseniwufakile ukusekela umkhankaso wethu ka-*Operation Val'ingozi.*  Siwubonile umkhankaso wenu ka-*Operation Hlokomela* ukuthi usube nomthelela ongakanani ekwehliseni izinga lokufa kwabantu emgwaqeni.

Namhlanje sithi nakuba zisasikhathaza izibalo zokulimala nokufa kwabantu emigwaqeni yethu, kodwa iqiniso lithi kwehlile manje ukufa kwabantu kulezo ezibandakanya amatekisi ikakhulukazi lapho okufa khona abantu abayisihlanu kuya phezulu ngesikhathi esisodwa.

Kokunye nalapho osekuke kwenzeka khona kulesi sikhathi esedlule, ubuthola ukuthi itekisi akulona ebelisephutheni kodwa lishayiswe mhlambe yiloli.

Ukuqinisekisa kwenu ukuphepha kwabagibeli, okuyibona abangumgogodla womsebenzi wenu, kubaluleke kakhulu kuthina.  Okusempeleni yikona okusihlanganisayo nani ngoba njengoHulumeni sikhethwa yibo abagibeli kanti yibo futhi abangabakhokhi bentela.

Namhlanje siyaziqhenya ngokuthi uHulumeni akaseyedwa kulo msebenzi wokukhuthaza ukuphepha emigwaqeni ngoba manje sinobuholi embonini yamatekisi obunganqeni ukwenza i-road block ngokwabo bazigadele amalungu abo emgwaqeni.

Sithi siyazibona izinkomba zokuthi osomabhizinisi abathutha umphakathi abaningi KwaZulu-Natal bayalisabela ikhwela lokuba bavuselele onembeza babo bazibone njengabantu abaneqhaza ekuphepheni komphakathi.

Ngakho-ke akusekho ukubuyela emuva bafowethu – seniyicabile indlela okumele ihanjwe yizingane zenu uma sezingena kuleli bhizinisi lenu esikhathini esizayo.  Ziyobe sezazi ukuthi yini okumele ziyenze ukukhuthaza ukuphepha emgwaqeni ngoba senisukumile nayikhomba indlela.

Okunye futhi esikubona njengegalelo lalo Hulumeni kule minyaka emihlanu edlule yilokhu kokuhlelwa kwamadolobha ukuba ahlinzeke ngokwenele izithuthi zomphakathi.  Namhlanje kunamarenki adidiyele izithuthi esiwakhayo koMtshezi naseMondlo, kanti oLundi seyaphela kudala.

NjengomNyango futhi sesakhe uhlelo lokusabalalisa amahhovisi okukhipha ama-operating license ngokwezifunda zonke ukuze kube lula ukuthola usizo.

Sengiphetha, siyanikhuthaza-ke ukuba niqhubeke nokuba yisibonelo sokuthi ukuxoxisana yikona okungukhiye ekuxazululeni izinkinga, hhayi nje ukuze nisimame kwezomnotho kuphela kodwa ukuze kuphele nesithombe esibi sokuthi niyimboni yodlame, ukubulalana nokungahloniphi umthetho.

Akumele nivumele izixhwanguxhwangu lapha embonini ukuba zehlise isithunzi semboni ebaluleke kangaka ngenxa yomhobholo lona oyimbangela enkulu yezimpi zamatekisi.

Ningavumeli ukuba umona wokufuna ukuba nabagibeli abaningi unenze nilahlekelwe Ubuntu.  Isikhathi esiphila kusona sidinga amabhizinisi asebenzayo naphumeleleyo ngokuba athembeke, usizo lutholakale ngesikhathi esifanele, lokhu esithi i-"efficient customer or citizen service", okusho ukubhekelela amakhasimende nezakhamuzi kuqala.  Amatekisi nawo kudingeka abe njalo.

Kumele kube yinina eniqinisekisa ukuthi abagibeli nabanye enincintisana nabo abasemkhakheni wokuthutha umphakathi banibona nenza umsebenzi ongeke indawo yawo yathathwa ngabanye osomabhizinisi.

NjengomNyango wezokuThutha KwaZulu-Natal siyazi ukuthi nakuba kukuningi esingathi sikwenzile ekuguquleni imboni kule minyaka edlule, kodwa kukhona okusalokhu kuyizinselelo.

Ngakho-ke siyazibophezela ukuthi sizoqhubeka sifeze umgomo esibekelwe wona wokuhlinzeka ngengqalasizinda yomgwaqo nokuqinisekisa ukuthi igcinwa isesimweni futhi isetshenziswa ngokuphepha.

Ngalawo mazwi ngithanda ukuphinda ngithathe leli thuba ngibonge ngethuba eninginike lona.  Umzabalazo uyaqhubeka.  Ngokubambisana singaziqeda izingozi emigwaqeni yethu sikhulise umnotho wesifundazwe sethu.

**Ngiyabonga.**